Kuphi Phambili Zinhlangano Zabantu: Siphikisa Impi Nencindezelo Yamazwe Ampofu?

Ngomhla-ka 17 - 19 September 2004, Beirut, eLibhanoni

Ngemva kwenkohliso 'yokubuyisela' amandla okubusa kubaseIraq, kuyaqhubeka ukuphathwa kophiko lwezempi, ipolitiki kanye nomnotho wase-Irakhi yiMelika. Lokhu kuhambisana nejongo yeMelika yokuxegisa lenxenye yomhlaba. Ngasikhathi-sinye, uhulumeni kaBush unikeze imvume umbuso kaSharon ukuba ufeze injongo zawo zokubulala amaPhalestina kanye nokwakha udongakazi lobandlululo oluzohlukanisa amaPhalestina ukuze ukwazi ukuwagoba. Lokhu kuyinxenye yamasu weMelika neIsrayeli 'okudalula' lomnqamla-juqu wePhalestina ngokusebenzisa amasotsha nencindezelo.

Kodwa umzabalazo usaqhubeka. AmaIrakhi namaPhalestina ayenqaba ukwamukela labacindezeli kanye nalencindezelo, kanti izigidi zabantu zithathele emigwaqeni zifuna kuqedwe ukupathwa ngendlovula kweIraq nePhalestina futhi kupheliswe zonke izimpi zencindezelo. Sihlangeni sisonke, sibeka icala bonke labo abaxabanisa imiphakathi futhi bayehlukanise ngenkolo, ngokwendabuko nagebala, ukuze bona baqhubele phambili izinjongo zabo zokuthola amandla okubasa. Yizona njongo ezizokwandisa ukuhlupheka kwabantu nenzondo.

Isiphakamiso Sokubamba Umhlangano Wohlaba Wonke

Sekuyiminyaka ngeminyaka lapho umzabalazo ophikisana nempi, otholakala emhlabeni wonke jikelele, kyiwona okhuthaza labo abalwela amalungelo abantu. Yiwona zambalazo ophatha kabi ocijimpi kanti futhi ngumzabalazo osekwa yiningi labantu emhlabeni. Namhlanje lomzabalazo ubhekane nesimo kanye nezinkinga ezintsha. Yingakho-ke siphakamisi ukubanjwa komhlangano eBeirut. Lomhlangano uzosingatha labo abaphikisana nempi kanye nokuxhashazwa kwabantu yizinkampani. Zimbili izinjongo zalomhlangano: Eyokuqala, ukuxoxisana nokwakha izindlela ezifanayo zokubuka umhlaba ukuze kudlondlobaliswe lomzabalazo, ukukwakhiwa kwamasu kane nemikhankaso. Eyesibili, ukudephisa ubudlelwane obukhona, ukwakha ubudlelwana nabanye abaphikisana nempi kanye nencindezelo yombuso wobunxiwankulu emphakathini wamaArabhu. Yingakho-ke lomhlangano siwubambela eLibhanoni

Isimemo Esicela Abameleli

Simema izinhlangano, abathintekayo, kanye nezimbumba ezilwela ukuthula nokuhambisa ngentando yeningi nangangokwezidingo zabantu, ukuba ba/zithumela abameleli kulomhlangano eBeirut ukuze babeyinxenye yezinkulumo nokwakha inhlangano enamandla yomhlaba ezophikisana nempi kanye nokubusa komhlaba ngendlela yokubhekela inzuzo yezinkampani kuphela.